

Kuvulwe isibhedlela esizobhekela abaneCovid-19

BONISWA MOHALE

UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal uMnuz Sihle Zikalala udonse ngendlebe abantu wathi basheshe baye ezibhedlela ezibhekela abaneCovid-19 ukuze basheshe batlame.

UZikalala ukusho lokhu izolo ngesikhathi evula isibhedlela sikaR232 million

esibhekela abaneCovid-19 esingaphakathi emagcekeni esibhedlela

IClairwood, eMobeni, eThekwini. Isibhedlela sakhiwe izinyanga eziyisithupha kanti uzikalala uthi kudala bekuthatha ininnyaka emithathu ukwakha isibhedlela. Izolo uzikalala, uNgqongqoshe



ASIKHULUWE
THUMELA umbono ngalolu daba kuFacebook (isolezwe), kuTwitter (@solezwe) noma umpheliso ku-45773, Isinsibiza R1,50.

wezokuhlaliswa kwaBantu nemiSebenzi kaHulumeni uNk Peggy Nkonyeni, owezempilo uNk Nomagugu Simeleane-Zulu, owezizimali uMnuz Ravi Pillay nowezobuciko, Amasiko, Imidlalo nokunqobeleka uNk Hlangiwe Mavimbela, bahlale isibhedlela esizobhekela abaneCovid-19 uma sekugcwele kwezinye izibhedlela.

"Abantu kutanele bangesabi ukulala kulesi sibhedlela konke kum ngomumo. Isibhedlela sizosala noma sekudlule

iCovid-19 okusho ukuthi yingqalasizinda ezosiza ngisho eminyakeni ezayo," kusho uZikalala.

UNk Nkonyeni uthi isibhedlela sinamibhede ewu-290, sinamagumbi okulalisa



SVULWE ngokusemthethweni isibhedlela esinakekela abaneCovid-19 eClairwood izolo, esithombeni nguNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Sihle Zikalala noNgqongqoshe wezempilo eKZN uNk Nomagugu Simeleane-Zulu obekhomibisa ukuthi konke kum ngomumo

abaguliswa yiCovid-19 abadlinga ukuphetumula ngemishini nalawo abhekele abangenayo indawo yokuhlala ngabodwana enakhaya.

UNk Simeleane-Zulu ucele abantu ukuthi baqhubeke nokulandela imithetho yokuphepha yeCovid-19 noma ngabe uMengameli Cyril Ramaphosa esezivulile izinhlela eziningi zomnotho.

"Kutanele siqaphele, siqhubeke nokugoka izifonyo, ukugeza izandla nokughelelana. Izinhlela

zomnotho azivulelwanga ukuthi sigcaluze kodwa zivulelwe ukusiza umnotho ukuthi usiname

nokuhlenga imisebenzi yabantu. ICovid-19 isekhona ngakho wonke umuntu kutanele abe neqhaza ekuvimbeni ukubhehetheka kwayo," kusho uNk Simeleane-Zulu.

Ebuzwa ukuthi ngabe seziyelela yini izibalo zabantu abangenwa yiCovid-19 KwaZulu-Natal, uthi okwamanje ngeke athi ziyehla ngoba kuningi okufanele

kubhekwe ngaphambi kokuthi kwenziwe isimemezelo.

"Ngokulay izibalo zethu beziko-3 000 tiengamanje zithe ukwehla. Okwamanje ngeke sisho ukuthi izibalo zehlile ngoba iWorld Health Organisation inohlalelo lwayo olucacisayo ukuthi kushiwonini ukuthi zehlile izibalo zabantu abaneCovid-19. Sicele abantu baqaphele ngoba uma bephutla imithetho yokuphepha yeCovid-19 izibalo zizobuye zinyuke," kusho uNk Simeleane Zulu.

**Golden
Delight**

SIMPLY PERFECT!



**Abasebasha
kuthiwa yibo
abasabalalisa
iCoronavirus**

PHILI MUOL

ABANTU abasha nezingane kuthiwa yibo abasabalalisa iCorona, iningi labo abasuke bengazazi nokuthi banalo leli gciwane.

Inhlango yezeMpilo emhlabeni iWorld Health Organisation (WHO) ithi emazweni ase-Asia leli gciwane libhehethakise ngabantu abasha abaneminyaka ewu-20 kuya ku-40 abebengenalolwazi lokuthi banalo ngoba bebenengazo izimpawu abanye bebenezimpawu ezingatheni.

Umgondisi wale nhlango, uDkt Tedros Ghebreyesus, uthi bakhathazekile ngalokhu ngoba abantu abasha abaningi basuleleka ngaleli gciwane emhlabeni wonke kodwa iningi labo lisuke lingazi ngoba kaliguli.

UDkt Takashi Kasai, umgondisi wale nhlango eWestern Pacific, ngolwesibhili uthi ingozi ngalokhu wukuthi abantu abasha leli gciwane balidulisela kwabadala abavele bephila ngokunakekela ngenxa yamahlalakhona, lisabalale lize lifinyelele ezabelweni nasezindaweni ezichene.

Uthe ucwaningo olwenziwe ngaleli gciwane emazweni ase-Asia, kusukela ngoFebhuwari, luveza ukuthi siyakhula isibalo sabantu abasha nezingane abangenwa yileli gciwane.

Uthe nakuba ingekho inezelo egondile mayelana nokuthi lokhu kudalwa yini kodwa kuyavela ukuthi abantu abasha kabayihloniphi imigomo yokuthi akumele babe wuvanzi nokuthi akumele bahlangane babe baningi endaweni eyodwa.

UGhebreyesus uthi into engasiza umphakathi manje wukuthi kutholakele umgomo.